

# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala


- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma "bawufunde ngokuhleba" umbhalo.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.

## Ingxoxo


- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo,nikeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)



*Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo uvumelana nalokho.*



*Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.*

Kudaladala onke amadube ayemhlophe.




Ngelinye ilanga uMnu noNkk Dube bamenywa edilini. Babefuna ukubukeka bebahle kakhulu, ngakho bazipenda ngemibala egqamile.



Bathi uma bezibuka, uNkk Dube wathi, "Asibukeki kodwa kahle!" Wamvumela uMnu Dube.

Ngakho uNkk Dube wazipenda isifuba saba mnyama kanti uMnu Dube yena wazipenda imilenze yangemuva yaba mnyama.



Abayithandanga indlela ababebukeka ngayo, ngakho bawususa upende.

Basuka lapho bapenda imithende emnyama emizimbeni yabo.

Bathi uma bezibuka babona ukuthi bahle. "Sibukeka kahle-ke manje," kusho bona.

Baya emcimbini sebeyithanda kakhulu indlela ababukeka ngayo.


Kwathi uma befika emcimbini ezinye izilwane zamangala ngendlela ababebukeka ngayo.

"Naze nabahle," kusho indlovu.

"Nibukeka kahle," kusho imvubu.

"Nabahle bo," kusho ubhejane.

"Sibonga kakhulu," kusho uNkk noMnu Dube. "Nathi siyayithanda imithende yethu!"



Bonke edilini bayithanda kakhulu imithende yabo.

UNkk Ndlulamithi watshela uNkk Dube ukuthi iyamfanela imithende yakhe.

NoNkosi uBhubesi wabatshela ukuthi bahle.



INkosi uBhubesi yabeka umbono wokuthi wonke amadube azipende ngemithende emnyama. Ngoba ibhubesi labe liyinkosi, amadube alalela.



Ngemuva kwezinsuku ezimbalwa, amadube aya emfuleni ukuyogeza imithende emnyama, kodwa ehluleka ukususa upende.

Kwenzekani? Ilanga labe seliyishisile imithende emnyama yanamathela emizimbeni yawo.

Kuze kube namhlanje
amadube awakwazi
ukususa imithende yawo.

Yingakho onke amadube
enemithende emnyama.




# Amadube ayisishiyagalolunye amancane






Idube elilodwa, amabili,
amathathu amancane,
Amane, amahlanu amancane,
Ayisithupha amancane,
Ayisikhombisa amancane,
Ayisishiyagalombili,
Ayisishiyagalolunye amancane,
Agijigijima okhalweni.

Ayisishiyagalolunye amancane,
Ayisishiyagalombili,
Ayisikhombisa amancane,
Ayisithupha amancane,
Amahlanu, amane amancane,
Amathathu amancane,
Amabili amancane,
Idube elilodwa,
Agijigijima ayabuya futhi.



- Idube ngalinye linephethini eyehlukile yemithende.
- Amadube anemisila emide (50 cm).
- Amadube alala emile.
- Amadube adla utshani.





Imidwebo yedube edwetshwe emgwaqweni isuselwa emithendeni yedube emhlophe nemnyama.



Amadube ahlobene namahhashi nezimbongolo.

# Umsebenzi wokufunda ngamaqembu



1 Fundela umngani wakho imisho elandelayo. Phinda uyifunde imisho ulandelanise izehlakalo.


a. Onke amadube ehlathi apenda imithende emizimbeni yawo.
b. NoNkosi uBhubesi wabatshela ukuthi bahle.
c. UMnu noNkk Dube baqala ngokuzipenda imithende eyimibala eminye ngaphambili kokuzipenda imithende emnyama.
d. Kwenzekani? Ilanga lashisa imithende emnyama yanamathela emizimbeni yabo.
e. Babefuna ukubukeka bebahle kakhulu emcimbini ababemenywe kuwo.
f. Zonke izilwane zayithanda imithende yabo.
g. Yingakho amadube enemithende emnyama.

2 Lingisa le ndaba.

3 Funda imibuzo bese utshela umngani wakho izimpendulo.

a. Sithini isihloko sale ndaba?
b. Obani abalingiswa abaqavile kule ndaba?
c. Yini abayenza ukuzishintsha bona?
d. Zacabangani ezinye izilwane ngalolu shintsho?
e. Ingabe uyithandile yini le ndaba?
   Nikeza isizathu sempendulo yakho.






4 Kopisha bese ugcwalisa ithebhula encwadini yakho yokubhalela.

a. Thola amagama anale misindo endabeni uwabhale phansi.

| | | |
|---|---|---|
| ndl | mv | mb |
| hl | nk | bh |

b. Igama imvubu linaziphi izincazelo ezi-2?

c. Thola imisho kule ndaba enokhefana, ongqi kanye nezibabazo. Kopishela lokhu encwadini yakho yokubhalela.



5 Phinda ubhale le ndaba ngamagama akho. Bhala isigaba esisodwa okungenani esinemisho emihlanu.

Izinga loku-: 1

# Incwadi yesi-3

| | |
|---|---|
| Isihloko: | Idube layithola kanjani imithende? |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Izinga: | Ibanga lesi-2 Ulimi Lwasekhaya Incwadi yokufunda Izinga loku-1 Incwadi yesi-3 |
| Uhlobo lombhalo: | Indaba |
| Amagama ajwayelekile: | idube, idili, ukubukeka, imibala |
| Ulwazimagama: | imvubu, ubhejane, indlovu, indlulamithi, ukugqama, uNkk, uMnu |
| Imisindo: | bh, ndl, mv, hl, gq, th, ph, kh |
| Okuqukethwe, imiqondo namakhono: | ▪ Ulandelanisa izehlakalo.<br>▪ Ulingisani le ndaba.<br>▪ Ubuza aphendule imibuzo yokuqondisisa.<br>▪ Uthola amagama anale misindo bh, ndl, mv, hl, gq, th, ph, kh<br>▪ Uthola amagama omqondofana endabeni.<br>▪ Ukopisha imisho enalezi zimpawu zokubhala: ikhefana, ungqi kanye nombabazi<br>▪ Uphinda abhale indaba ngawakhe amagama. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminyaka ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

ISBN 978-1-4315-2524-9
9 781431 525249

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2524-9

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education
Department:
Basic Education
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga lesi-2 zoLimi Lwasekhaya.

### Izinga loku-1
- UZinhle uthola abangani abasha
- Yimpilo yenja
- Idube layithola kanjani imithende?
- UJeri uyathanda ukufunda

### Izinga lesi-2
- Indlovu nomboko wayo
- Benza kanjalo abangani
- Ichwane elibi ledada

### Izinga lesi-3
- Ibhayisikili likaBheki elisha
- Izilwane ziya olwandle
- Kwasiza uMkhomomkhulu